IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo
2. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU

   ISIQEPHU A: Inoveli

   ISIQEPHU B: Umdlalo

   ISIQEPHU C: Izinkondlo
3. Phendula iziqephu EZIMBILI kuphela.
4. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE
5. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.
6. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esichishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A : INOVELI

## UMBUZO 1 : AMANYAL'ENYOKA- M NDLOVU

Funda isiqeshana EZIMBILI( A no –B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Ngesikhathi **eshaqekile** uPat phandle , endlini kwase kungene ucingo. Wake wathi ukuluziba uSindi ezitshela ukuthi nguThiza. Kodwa ekugcineni waluphendula.

"IkwaNhlapho , uSindi, ngingakusiza?"

"Lavie wami kodwa yini nje oyenzayo?" nguTebza owayesho ngezwi elindondayo.

"Kodwa ungilingeni Tebza? Ungiqhathelani nje noPat? Ufunani manje kimina?"Ufunani manje kimina?"ngezwi elinokuhlebeza.

"Ngifuna wena Sindi wami kanye nenga..."

"Mina ngishadile manje, futhi ngakwazisa ngakho konke lokho. Manje ubhizi usuka le eGoli ukuzoxova umendo wami. Ngicela uhlukane nami phansi Tebza ngiyacela," ngeligcwele ukuncenga.

"Ungazongibhedela wena la. Ungishiya mina ngiyinsizwa ushade nenye intombazane? Umthetho wakho wawungelwe yini ngempela Sindi?"

""Yisinqumo sami engazithathela sona , ngakho wena awuxhumi awuxhasi kulokho. Hlukana name phansi Tebza," ejeqeza ukuthi akangeni yini endlini uPat.

"Uyagula wena la ekhanda lakho. Mina angisoze ngahlukana nawe kumnyama kubomvu, **useyingoduso** yami..." edaza inkani uTebza.

"Uyangibhedela".

"Okunye-ke ebengikuzele ukuzobona ingane yami ebese ngitshela le ntombi oshade nayo ukuthi ayihlukane nawe. Iphi ingane yami Sindi, wathola ngane yini?"

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ngubani igama lika Tebza langempela? " | (1) |
| 1.2 | Ngokwesiqeshana A yini edala uSindi aluzibe ucingo ? | (1) |
| 1.3 | Tomula amagama/amazwi ashiwo uSindi aveza ukuthi uTebza akangene ezindabeni zothando luka Sindi. | (2) |
| 1.4 | Bhala izinto EZIMBILI uThiza azithembisa uPat emshadweni angazifezanga. | (2) |
| 1.5 | Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kulesi siqeshana esingenhla. | |
| | a) Ngesikhathi **eshaqekile** uPat kwase kungena ucingo. | (2) |

b) **"useyingoduso** yami…" (2)

1.6 Ngamaphuzu AMABILI bhala isizathu esenza uPhathekile abe umlingiswa oqavile kule noveli. (2)

1.7 Chaza kabanzi ukuthi yini eyadala ukuthi uSindi azithole eseba nobudlelwano bothando nomuntu wobulili obufanayo. (2)

1.8 Hlaziya lenoveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

1.8.1 isingeniso (2)

1.8.2 Isizinda senkathi (2)

1.9 IQINISO noma UMBONO ukuthi indlela uPhathekile akhula ngayo yaba nomthelela omkhulu esimeni sempilo yakhe kwezothando. (2)

**ISIQESHANA B**

"Sawubona mfana wami," esho ngelichichima injabulo iphimbo uPat.

"Yebo mama ngithemba ukuthi niyaphila. Ngizosesha ngoba imali enginayo incane.Ngicela ungifakele imali ukuze ngikwazi ukwehla ngoba sesiqedile ukubhala," eshaya ngezinqamulelayo umfana.

"Kahle wena abo! Usuyenzeni imali engaka ebengikufakele yono zolo lokhu?" ebuza ngokuthuka uPat.

"Hawu mama! Imali ngathenga ngayo izincwa.."jumpu ucingo sekuphele imali.

Ebona ukuthi indodana yakhe isiphelelwe imali yokufona, wayifonela yena kweyakhe iselula.

"Ya Lindokuhle imali usudayisa ngayo yini?"

"Lutho mama ngathenga izincwadi ezazingilahlekele. Kwathiwa ngeke ngikwazi ukubhala izivivinyo uma ngingazithengile. Ushintshi-ke owasala ngakhokha ngawo imali ye-braai yokuvala unyaka.

Yingakho-ke nje sengishodelwa yimali yokubuya ekhaya," echaza ngesikhulu isineke uLindo.

"Uyazi anginayo imali. Uzothola imali yebhasi kuphela…"

"Awu mama ibhasi pho!" esho ngokukhononda uLindo.

"Yebo uzothola yona kanti? Noma mhlawumbe ufuna ukubuya ngetekisi?"

"Ibhasi netekisi kuyafana nje mama.."

"Kufana ngani? Emphuthuma engakaqedi ukuthi ifana ngani itekisi nebhasi.

"Awu mama nawe uyazi ukuthi bangakanani abantu abafa ezingozini zomgwaqo lapha eNingizimu Afrika. Zinyuka kakhulu –ke izingozi emgwaqeni njengoba sibheke kuFestive Season. Manje ngiyesaba nami ukuba ngomunye wabantu abazofela emgwaqeni". Esho sakuzitotosa umfana kamama.

1.10. Bahlobene kanjani laba abaxoxayo esiqeshaneni esingenhla? (1)

1.11 Bhala igama lesikhungo semfundo ephakeme uLindo ayefunda kuso. (1)

1.12 Ubani igama likamngani kaLindo owamsiza ukumlanda esikhumulweni sezindiza? (1)

1.13. Bhala OKUKODWA okwenziwa uLindo ngemali ayeyinikwe unina. (1)

1.14 Ubugebengu obuhleliwe ezinye zezinto ezivelayo kule ndaba. Fakazela lesi sitatimende ngokuveza izigameko zobugengu obuhleliwe obenzeka kule ndaba. (2)

1.15 Ukube wena wawuyilunga lomndeni wakwa Nhlapho wawuyomeluleka uthini uPat ngesimo sobudlelwane sakhe kwezothando. (2)

1.16 Ngamaphuzu AMABILI ,Chaza impumelelo yo mbhali ukusiphethala le noveli. (2)

1.17 Qondanisa IKHOLOMUA NE KHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.17.1 uNjoko | A. Igama lenja yakwa Nhlapho. |
| 1.17.2 UScopion | B. Wayephinde asibize ngoNjapa. |
| 1.17.3 uMthunzi | C. Indawo lapho kuvela khona uThiza. |
| 1.17.4 Pat Nhlapho | D. Wafundela iziqu ze BA kwi *Information Technology.* |
| 1.17.5 eSobantu | E. Wazalelwa e- *Free State* |

(5)
[35]

## ISIQEPHU B : UMDLALO

## KUSA KUSA- S.P NHLEKO

## UMBUZO 2

Funda iziqeshana EZIMBILI (C no D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

### ISIQESHANA C

(Emqashweni ekamelweni likaZenzile.Kusebusuku, kuhlangene izintokazi ziyaxoxa.)

SEBENZILE: (ebalisa) Kazi umuntu usezoba yini manje njengoba uBonga esephelelwe umsebenzi?

ZENZILE: (Emangala) Hawu, umphelele kanjani uBonga umsebenzi ebezisebenzela kahle kangaka?

SEBENZILE: Badiliziwe, kuthiwa inkampani ngeke isakwazi ukubagcina.Seyidinga abantu abambalwa ngenxa yesimo somnotho.

FAKAZILE: Zabuhlungu-ke mngani lezi zindaba ositshela zona.

ZENZILE: Useyoqala phansi-ke afese, nampa noVusi bayafesa abapheli ithemba, kuyoze kubalungele. Nawe nje uzohlalela ethembeni njengathi esithandana nomahlalela.

SEBENZILE: (Ngokuhleka) He!He! Ubani yena? Mina lo ngeke ngiyimele leyonto. Ngasuka le kithi eMdumbe, ngizokwenza imali lapha eNyukhasela.Okwakobani nje ukuthandana nendoda engasebenzi. Ngiyaxolisa impela ngeke ngilunge. Akavele akhohlwe nje uBonga ukuthi usenentombi lapha kimi. Akayozama engxenye.

ZENZILE: Hawu kodwa Sebenzile, waze wanesihluku, Awusamniki nesikhashana, ake athole omunye umsebenzi?

SEBENZILE: Ngeke ngikwazi Zenzile. Kungasa ngifile! Ngimfunge ubaba ongizalayo!

ZENZILE: Mhlawumbe bazobuye bababize uma isiphinde yasimama futhi inkampani yabo.

SEBENZILE: Kuyobe kunini? Phela isikhathi siyahamba Zenzile.

2.1 Yini eyenza uSebenzile abalise kangaka kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezimlahlekele uBonga ngokudilizwa emsebenzini. (2)

2.3 Yisiphi isizathu esenze inkampani kaBonga idilize abasebenzi? (1)

2.4 Tomula umusho esiqeshini esingenhla okhombisa ukuthi uZenzile akahambisani nesinqumo sikaSebenzile. (2)

2.5 Inkulumo ka Sebenzile ethi " **Mina lo ngeke ngiyimele leyo nto. Ngasuka le kithi eMdumbe, ngizokwenza imali lapha eNyukhasela**", imveza njengomlingiswa onjani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

2.6 Hlaziya lo mdlalo ubhekise kulezi zihlokwana:

2.6.1 Isingeniso (2)

2.6.2 Uvuthondaba (2)

2.7 Ncoma ikhono lo mbhali ekuqanjweni kwabalingiswa abalandelayo:

a) UZenzile (2)
b) UFakazile (2)

2.8 Ukuhlala kukaZenzile emqashweni kwaba namuphi umthelela esimilweni sakhe. (2)

2.10 Ngamaphuzu AMABILI chaza ukuthi isihloko"Kusa Kusa" sihambisana kanjani nokwenzeka kulo mdlalo. (2)

**ISIQESHANA D**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

(Emva kwezinsukwana esibhedlela . Ewodini kukhona uZenzile ulele embhedeni kanti uSebenzile uhleli eduze kwakhe.)

ZENZILE: ( Eciphiza izinyembezi.) Kodwa Sebenzile ngizoba yini nje emhlabeni njengoba ngingasakwazi nokuzihambela?

SEBENZILE: ( Ngomoya ophansi.) Qina idolo mngani wami. Akusiwe wedwa ozohamba ngesitulo esinamasondo. Baningi kabi, futhi baphila kahle nje abanankinga. Abanye bayabadlula ngisho nalabo abazihambelayo.

ZENZILE: Ugogo uzothini nje uma engibona senginje.nokwenza uyazitetemela.

SEBENZILE: Siyazifanela nje nawe ngoba nami ngisalinde ukuba ngiyonqunywa ingalo.

ZENZILE: Kusho ukuthi sobababili sesinokukhubazeka. Inkosi impela ikusasa alaziwa. Ngangingazi ukuthi kuyoke kube nje empilweni yami.

SEBENZILE: Sonke Zenzile asilazi ikusasa ukuthi lisiphatheleni.

ZENZILE: Baphi oMxolisi benoSipho ? Abezanga ngisho ukuzosibona.

SEBENZILE: Ungabe usayiphatha nje eyalabo. Nami nje ngisamelwe yingqondo.

2.11 Babelibangisephi oZenzile noSebenzile njengoba bevelwe ingozi nje? (1)

2.12 Bayizwaphi oNomcebo indaba yengozi eyehlela oZenzile (1)

2.13 Ayehamba ngaluphi uhlobo lwemoto amasoka oZenzile noSebenzile (1)

2.14 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uMxolisi wayengamthandi uZenzile, Sekela impendulo yakho. (2)

2.15 Bhala izindawo EZIMBILI lapho uVusi athola khona Imisebenzi. (2)

2.16 Isenzo sikaVusi sokuzobona uZenzile esibhedlela simveza njengomlingiswa onjani kulo mdlalo. (2)

2.17 Amathanga ahlanzela abangenamabhodwe, Fakazela lesi simo sokukhuluma ubhekise ku mlingiswa uSenzo. (2)

2.18 Umlandi/Umxoxi akasiye omunye wabalingiswa kulo mdlalo. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.19 Ngamaphuzu AMABILI fingqa phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. (2)

[35]

**ISIQEPHU C**

**Kulesi siqephu uzophendula YOMBILI imibuzo. UMBUZO 3.1 NOMBUZO 3.2**

**UMBUZO 3**

**3.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**SIPHUKUPHUKU NDINI – LMMS MASONDO**

Siphuphutheki ndini ungisaphi?
Ungithubelezis'okwenkomo yokwebiwa
Kwenzenjani engqondweni yakho?
Ujezisa ulungelo owaliphiwa uMdali
Lokumelekelela ekudalekeni kwami
Ungidlisa emadlelweni mbumbulu,
Uyambuluza ungifunze ubumbulu

Siduphunga ndini ucabangani?
Uthini ngemvelaphi yami engingenakuyazi?
Ngendlela ongifihlela ngayo ukuyazi
Wangifunza obakh'ubumpoqabulungu,
Ngidedele ngifund'olwami ulimi.
Ngivumele ngiqonde elami isiko,
'Ze name ngikhulise abami ngendlela.

3.1.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu. (1)

3.1.2 Yiliphi igama elisesitanzeni esibili elisho isiphukuphuku? (1)

3.1.3 Bhala izinto EZIMBILI imbongi ethi ifihlelwe ukuzazi kule nkondlo. (2)

3.1.4 Sifenqo sini esitholakala kulo mugqa olandelayo?

Ungithubezelis' okwenkomo yokwebiwa. (2)

Akuvumelekile ukukophisha leli phepha 

3.1.5 Khipha ukuxhumana okutholakala kule nkondlo bese ukuchaza ukuthi kuwuhlobo luni lokuxhumana. (3)

3.16 Kungani igama elithi "uMdali " emgqeni wesine lingusonhlamvukazi? (2)

3.17 Ngokucabanga kwakho izwi elikhuluma kule nkondlo ngabe elengane noma elomuntu omdala, Sekela impendulo yakho. (2)

3.18 Uyavumelana yini nomlobi wale nkondlo ukuthi okwenzeka kule nkondlo kuyenzeka empilweni yangempela. Sekela impendulo yakho. (2)

3.19 Phawula ngesigqi sale nkondlo. (2)

[17]

3.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngingoweliba – NL Luthuli**

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo **awusenasabelo kwamhlaba**.
Umzimba kuphel' onesabelo,
Ngob' ungoweliba.

Nendodana kaSomandla,
Yaba ngeyethuna.
Ngolwesithathu yalinqob' ithuna,
Yavuka kwabaleleyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba njalo na?

Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
Ngiyoba ngoweliba njalo.
Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Ngent' eyodwa,
**Bathi baf' olwembiza** ngokuhamba kwami.
Keph' engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.

3.2.1 Yiliphi igama esitanzeni sokuqala elisho ingcwaba? (1)

3.2.2 Yimuphi umugqa ovulekile endimeni yesibili. (1)

3.2.3 Ngubani le ndodana kaSomandla okukhulunywa ngayo emgqeni wesi-7 (1)

3.2.4 Bhala umugqa oyimpidwa otholakala kule nkondlo. (2)

3.2.5 Ngobani laba imbongi ethi bayokhala balile? (2)

3.2.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule nkondlo.

a) Umphefumulo **awusenasabelo kwamhlaba.** **(2)**
b) **Bathi baf' olwembiza** ngokuhamba kwami. (2)

3.2.7 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi ngokusobala esitanzeni sokugcina. (2)

3.2.8 Ngokucabanga kwakho imbongi yayiphatheke kanjani ngesikhathi ihaya le nkondlo?Sekela impendulo yakho. (2)

3.2.9 Tomula umugqa owubufakazi bokuthi imbonga iyakuqonda kahle ukufa esitanzeni sokugcina. (2)

3.2.10 Hlobo luni lwemvumelwano etholakala esitanzeni sokugcina? (1)

[18]

**AMAMAKI ESIQEPHU C:35**

**AMAMAKI ESEWONKE:70**